IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

06/2015 Intshumayelo ngesonto 01 emva komkhosi wokukhumbula okuzalwa kweNkosi, ngomhla ka 27. 12. 2014

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku 1:14a, lithi: **"ULizwi waba inyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe."**

1. Iculo 65/61

2. **Umkhuleko:** (amaH. 71:14-16)) Mina kodwa ngiyakukwethemba ... Umlomo wami uyakulanda ukulunga kwakho, nensindiso yakho lonke usuku, ngoba angenakukulibala. Ngiyakuletha izwenzo ezinqabileyo zeNkosi uJehova; ngiyakubonga ukulunga kwakho, okwakho kuphela ngaye uJesu Kristu, iNkosi yethu. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lolotshiwe ku-Isaya 49:13-16;
   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe 1 Johane 1:1-4;
   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMathewu 2:13-23.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 64/64

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 2:22-40, lithi "Kwathi ukuba kuphelele izinsuku zokuhlanjululwa kwabo ngokomthetho kaMose, benyukela naye eJerusalema ukuba bammise phambi kweNkosi njengokulotshiwe emthethweni weNkosi ukuthi: Konke okwesilisa okuyizibulo kuyakuthiwa okwahlukaniselwe iNkosi, banikele ngomhlatshelo njengokushiwo emthethweni weNkosi amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba. Bheka kwakukhona umuntu eJerusalema ogama lakhe linguSimeyoni; lomuntu wayelungile, emesaba uNkulunkulu, ebhekile induduzo kaIsrayeli; noMoya oNgcwele wayephezu kwakhe. Kwakubonakalisiwe kuye ngoMoya oNgcwele ukuthi akayikubona ukufa engakamboni uKristu weNkosi. Wafika ngoMoya ethempelini. Kwathi ukuba abazali balethe umntwana uJesu ethempelini ukuba benze kuye njengesiko lomthetho, wamamukela ngokumgona, wambonga uNkulunkulu, wathi: Sale usumukisa ngokuthula inceku yakho, Somandla, njengezwi lakho, ngokuba amehlo ami abonile insindiso yakho oyilungisele ebusweni babantu bonke ukukhanya kokwambulela abezizwe nenkazimulo yesizwe sakho uIsrayeli. Uyise nonina bamangala ngalokho okukhulunywa ngaye. USimeyoni wababusisa, wathi kuMariya unina: Bheka, lo umiselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi kuIsrayeli, nesibonakaliso esiphikwayo - yebo, inkemba iyakudabula nowakho umphefumulo - ukuba kwambulwe izizindlo zezinhliziyo eziningi. Kwakukhona nomprofethikazi, uAna,

indodakazi kaFanuweli, owesizwe sika-Aseri; wayesekhulile kakhulu, ebehlalile nendoda iminyaka eyisikhombisa emva kobuntombi bakhe, engumfelokazi waze waba-neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nane, engasuki ethempelini, ekhonza ngokuzila nangokukhuleka ubusuku nemini. Naye-ke efika ngasona lesosikhathi wamtusa uNkulunkulu, wakhuluma ngaye kubo bonke ababebheka ukukhululwa kweJerusalema. Kwathi sebefeza konke okungokomthetho weNkosi babuyela eGalile emzini wakubo iNazaretha. Wakhula umntwana, waba-namandla, wagcwala ukuhlakanipha; nomusa kaNkulunkulu wawuphezu kwakhe." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elihle nelithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, sesidlulile emkhosini wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi yethu uJesu Kristu, bekumnandi ukugubha lomkhosi, ube isibusiso kithi sonke. Namhla sizozwa ngomntwana uJesu ethempelini ukuthi kwenzekani khona. Bandla elihle, uJesu wayengumJuda ngokwenyama, wazalwa phansi komthetho. UPawulu uthi: "Unkulunkulu wathuma iNdodana yakhe, izelwe ngowesifazane, izelwe phansi komthetho." Wazalwa phela ukuze akhulule labo abaphansi komthetho, kanye nabezizwe ezinye, thina esingekho phansi komthetho wabaJuda. UJosefa noMariya babewugcina umthetho, ngesikhathi beyiso uJesu ethempelini. Khumbula ukuthi kwakukhona lokhu: Umthetho wezibulo lomfana, nani nani kwakungokukaNkulunkulu. Futhi lokhu, bandla, kwakubakhumbuza abakwaIsrayeli ukusinda kwamazibulo ngesikhathi bephuma eGibithe. Yikho lokho ababekwenza, mhla beya eJerusalem "ukuba bammise phambi kweNkosi."

Bandla elihle eNkosini, ngicela kini ukuba nifunde ngokwenu indaba yokuhlanjululwa kuLev. 12:1-8. Ngokomthetho weTestamente elidala owesifazane wayebalwa njengomuntu ongcolile, uma esethole umntwana. Kwakufuneka imvu enomnyaka owodwa, ibe umnikelo wokushiswa, ishiswe yonke. Uma empofu anikele ngejuba eliyiphuphu, noma ihobhe. Kukhona nomnikelo wesono. Ihobhe lalibulawa lishiswe. UJesu-ke waba ngumnikelo opheleleyo ngenxa yezono zethu, asisasweli leminikelo ebaliwe ngenhla.

Bafowethu nodadewethu eNkosini, uJosefa benoMaria babempofu, banikela umnikelo wabantu abampofu ngalelolanga. Wahlanjululwa kanjalo njengokomthetho kaMose. Bakwethu, lesivumelwano esidala somthetho saphela lapho uJesu emisa esisha ngegazi lakhe. Yaphela yonke imihlatshelo yesivumelwano esidala, lapho uJesu enikelwa engumhlatshelo opheleleyo ogcwele.

Kulendaba kaSimeyoni sibona ukusebenza kukaMoya oNgcwele enhliziyweni yomuntu omesabayo uNkulunkulu. USimeyoni wayembulelwe ukuthi akazukufa engakaboni, noma engambonanga uKristu weNkosi. USimeyoni wayemesaba uNkulunkulu. Yebo, wayebhekile induduzo kaIsrayeli, induduzo yethu sonke. USimeyoni wayehlalela ethembeni lokuthi

uzombona uKristu engakafi. Wena uhlalele kuliphi ithemba? Ake sikhumbule ukuthi asitshelwa ukuthi uSimeyoni wayehlala kuphi. Kodwa ngesikhathi uJosefa benoMariya beletha umntwana uJesu ethempelini, uSimeyoni wafika ngoMoya ethempelini, wamamukela umntwana uJesu ngokumgona, wabonga uNkulunkulu wathi: "Sale usumukisa ngokuthula inceku yakho" lamazwi akhomba ukuthi uSimeyoni wayesemdala, (noma kungalotshwanga kanjalo ukuthi wayesemdala kwamukelwa ngokuvama ukuthi wayesemdala). Kwase kudlule iminyaka emininingi elindile, ufuna ukubona uKristu. Eseyibonile lengane enamasonto ayisithupha, wadela waneliswa ethi: Umbonile uKristu ababemlangazelela kangaka ukuthi zofika abakhulule. Eqhutshwa nguMoya oNgcwele wathi: "Amehlo ami ayibonile insindiso yakho."

Bandla leNkosi yethu uJesu Kristu, abaJuda babethi ngowabo bodwa kuphela uKristu. Futhi basebekhathele ukubuswa ngamakhosi angesiwona awakubo. Bethi: Uzobuyiswa umbuso kaDavide inkosi yabo yasendulo. USimeyoni wayekhanyiselwa nguMoya oNgcwele, wabona ukuthi insindiso ezolethwa nguKristu akusiyo eyabaJuda kuphela, kodwa insindiso izofika ibakhanyisele nabezizwe, (ngisho nathi lapha). Qaphela insindiso ayihambisani nobumnyama noma nobumhlophe, iyakhambisana nokukhanya. Abahlezi ezonweni bahlezi ebumnyameni bokungamazi uJesu ongukukhanya kokuphila kubo bonke abamamukelayo. UJosefa benoMariya bamangala ngalokho okukhulunywa ngaye. UNkulunkulu wayeliqinisa ezinhliziyweni zabo, iqiniso lokuthi uJesu unguye onguMesiya. Ngakho-ke uSimeyoni wababusisa. Esikubonayo kulamazwi yikho: USimeyoni inkulumo uyiqondisa kakhulu kuMariya kanye nezwi eliqondene nabantu bonke.

Yebo, uJesu umiselwe ukuwa nokuvuka kabaningi. Umprofethi uIsaya wakhuluma ngalokhu ukuthi uJesu waba itshe elibakhubayo abaningi ku-Isaya 8:14-15, waba idwala lokuwisa kuzo izindlu zombili zakwaIsrayeli. UJesu wafana netshe elixhoziwe elilungiselwe ukufakwa endaweni ethile, endlini ezokwakhiwa. Kodwa abakhi itshe abaliboni, bayalilahla kunokuba libasize, itshe lelo liyabakhuba. UJesu wathi: "Itshe abalinqabayo abakhi lona laba yinhloko yegumbi. Yilowo nalowo owayo phezu kwalelotshe uyakuphohlozwa, kepha lowo eliyakuwela phezu kwakhe liyakumngcolisa," Luka 20:17-18. Abakhubeka bonke abawanga bonke. Bakhona abathola ukuvuswa okuma ngalisayo ngoJesu Kristu. Yebo, Mariya, "inkemba uyakudabula ngowakho umphefumulo." Lelizwi liqondene noMariya. USimeyoni uthi: Uzothola usizi olukhulu enhliziyweni yakhe ngalomntwana. Ngempela wagwazeka unina sebembophe uJesu, bemshaya, bembhinzqa, bemkhafulela ngamathe, bemhlupha, bembethela esiphambanweni kanye nabaphangi. UMariya wayizwa inkaemba imhlaba enhliziyweni, mhla embona uJesu elenga esiphambanweni esefile. UMariya wathwala ihlazo elingaphezu kwamahlazo onke. Aphela amathemba kuMariya ngalelolanga. Kwaphela amathemba nakubafundi bakhe.

Bandla elihle eNkosini, akukho muntu onamandla okudalula imizindlo ngomuntu ngaphandle kukaJesu. NguJesu kuphela onalawo mandla. Amazwi akhe ahlaba phakathi enhliziyweni nomuntu, aze akhumbula nalokho ayesekukhohliwe. Amazwi kaNkulunkulu asebenza kanjalo, ngoba angamazwi akhe. Izwi likaNkulunkulu liphilile, lihlaba, kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalunga nomkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo, Heb. 4:12. USimeyoni waqhutshwa nguMoya oNgcwele, mhla eprofetha, wayengenakuzibonela ngokwakhe lokhu kuhlakanipha akukhulumayo.

Bandla, kukhulunywa nangomfelokazi owayesemdala ehlala ethempelini, emkhonza khona uNkulunkulu emini nasebusuku, ekhonza ngokuzila nangokukhuleka ubusku nemini. Naye wafika ngaso sona lesosikhathi ekhuluma eseMoyeni. Naye wambonga uNkulunkulu, wabikela nabanye abaziyo ukuthi bamlindele uKristu weNkosi ukuthi uzofika azokhulula iJerusalema. Sebefeze konke okungokomthetho weNkosi, babuyela emzini wakubo eNazaretha. Wakhula umntwana wabanamandla njengabantwana bonke. Wabanokuhlaknaipha, kanjalo nomusa kaNkulunkulu wawuphezu kwakhe. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, ungifundisile kwasebusheni bami, ngizilandile izimangaliso zakho, kuze kube manje. Futhi mawunganigshiyi, nxa ngimdala, ngiyimpunga, ngize ngishumayele ingalo yakho kuso isizukulwane amandla akho kubo bonke abezayo. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 56/341

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-E. Mkhabela.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.